



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA  
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE  
ENKONZWENI YESIKHUMBUZO EMSINGA NGOLWESINE MHLAKA 04  
SEPTEMBER 2008**

**Ngibanibingelela nonke**

- Ukuhlangana kwalolu hlobo, ikakhulukazi uma kuthinta izingane zesikole, kuba ngeminye yemizuzu ebuhlungu kakhulu kuthina njengoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal.
- Umsinga ungenye yezindawo esezisondelene kakhulu nenhliziyo yami lapho sengibone khona izimpilo zabantu ziguquka ngenxa yomkhankaso wethu ka-Operation Kushunquthuli. Kodwa-ke njeshwa, namhlanje sikhuluma enye indaba.
- Ucwangingo luveza ukuthi izingozi zomgwaqo eziningi zidalwa ngukwepfulwa kwemithetho yomgwaqo. Lokhu kwenza kube nesidingo esiphuthumayo sokulungisa indlela yokuziphatha kwabasebenzisa umgwaqo. Okwenzeke kule ndawo ngesonto eledlule bekungagwemeka. Kodwa kukhona ongenzanga okufanele.

- Kuleli lizwe silahlekelwa imiphefumulo engu-15 000 ngonyaka emigwaqeni yethu. Imali echitheka ngokufa nokulimala kwabantu emigwaqeni ibalelwa ku-R43 billion.
- Nokho-ke, akufani nobhubhane lwengculazi lapha, ngikholwa ngukuthi sinalo ikhambi lalokhu. Indaba enkulu nje ngukuthi sizimisele yini ukugwema lezi zingozi eziqhubekayo nokusibhuqabhuqa.
- Maduze nje sizobaphuca ilungelo lokushayela labo abaqhubeka nokwephula imithetho yomgwaqo. Sizoyithatha ilayisensi yakho uma uqhubeka nokwephula umthetho ngaleyo ndlela sigweme ukuthi ugcine ubulale abantu emigwaqeni.
- Ngeshwa, sizithola sifunda imikhuba emibi yokushayela sibonela kubazali bethu, kubafowethu, kodadewethu, ezihlotsheni nakosaziwayo esibathandayo ngasemakithi. Kukhona ngisho nabantu esibadumisayo ngalokuziphatha kabi emigwaqeni.
- Yikangaki nje sizwa abantu bezincoma ngejubane abebehamba ngalo phakathi kweGoli neTheku? Yikangaki nje sibona abantu betatazela befasa amabhande ngoba bebona imvimbamzila noma amaphoyisa ngaphambili? Yikangaki nje sizibonela ngokwethu umshayeli ephula umthetho womgwaqo kodwa singasho lutho?
- Sifisa ukududuza imindeni yalaba abasishiyile:
  - ☐ Bhekithemba Ngubane (16 years);
  - ☐ Vincent Msimang (15 years);
  - ☐ Fundani Shange (16 years);
  - ☐ Nsindiso Luswazi (15 years);
- **“Sengathi imiphefumulo yabo ingalala ngoxolo”**

- Sengiphetha, sihlale sisho ukuthi njengoHulumeni senza konke okusemandleni ukulekelela imindeni ngalezi zikhathi ezinzima.
- Sisangawenza umehluko emigwaqeni yethu, uma sibambisana sonke siqaphele ukwenza kwethu emgwaqeni. Njengabashayeli kumele siqaphele uma siphethe izimpilo zabantu. Njengabagibeli kumele siqikelele ukuthi sihamba ngezinto eziphephile nezisemthethweni, singazibeki thina engozini. Masigcine imithetho yomgwaqo senze okufanele.

**Ngiyabona.**